Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Izinkondlo (30)

   ISIQEPHU B: Inoveli (25)

   ISIQEPHU C: Umdlalo (25)

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.

INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

ISIQEPHU B: INOVELI Phendula umbuzo OWODWA.

ISIQEPHU C: UMDLALO Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO)

- Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli kanye neyomdlalo owufundile.

- Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

- Umbuzo omude ezinkondlweni mawuphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

- Imibuzo emide enovelini kanye nasemdlalweni mayiphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

- Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi abathemelezi, kodwa baphendula okubuziwe.

Downloaded from Stanmorephysics.com


7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.
8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
9. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40

    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55 ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.



Downloaded from Stanmorephysics.com


**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: IZINKONDLO**<br>**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo emibili.** | | |
| **INOMBOLO YOMBUZO** | **UMBUZO** | **AMAMAKI** |
| | | |
| 1.'Musani' | Umbuzo omude | 10 |
| | | |
| 2.'Idwala likashaka' | Umbuzo omfushane | 10 |
| | | |
| 3. 'Isiziba Senhlakanipho' | Umbuzo omfushane | 10 |
| | | |
| 4. 'Ukuthula' | Umbuzo omfushane | 10 |
| **KANYE**<br>**Nenkondlo engamiselwe: UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO** | | |
| 5. 'Sadalelwa Ukuhlupheka' | Umbuzo omfishane | 10 |
| **ISIQEPHU B: INOVELI**<br>**INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA ngenoveli OYIFUNDILE.** | | |
| 6. Kunjalo-ke | Umbuzo omude | 25 |
| 7. Kunjalo-ke | Umbuzo omfushane | 25 |
| | | |
| 8. Impi Yabomdabu Isethunjini | Umbuzo omude | 25 |
| 9. Impi Yabomdabu Isethunjini | Umbuzo omfushane | 25 |
| **ISIQEPHU C: UMDLALO**<br>**Phendula umbuzo OWODWA ngomdlalo OWUFUNDILE.** | | |
| 10.Ubhuku Lwamanqe | Umbuzo omude | 25 |
| 11.Ubhuku Lwamanqe | Umbuzo omfushane | 25 |
| **QAPHELA:**<br>Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE.<br>Uma uphendule omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C.<br>Akuvumelekile ukuphendula IMIBUZO EMIBILI EMIDE noma EMIBILI EMFUSHANE. | | |

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**MUSANI- M.S.S Gcumisa**

Musani ukukhala,
Musani ukubibitheka,
Musani ukulila,
Nimlilelelani u…. ma?
Kanazi yini ukuthi uyephi na?
Kanazi yini ukuthi ubizwephi na?
Kanazi yini ukuth' ungokabani na?
Kaniqondi yini ukuth' akuwenu na?
Pho, Nihlushwa yini um' esey' ekhaya?
Pho anithokozi ngani um' ey' ekhaya?
Thulani nithokoze lokh' usebiziw'
Thulisan abathuthumelayo ngosebiziwe.
Vuman' ukuth ubizwe nguyena
Vulani izinhliziyo zenu kuyena.

Kubalulekile ukwamukela isimo uma umuntu esedlulile emhlabeni.

Phawula ngalesi sitatimende esingenhla ubhekise kwindikimba nasekukhethweni kwamagama.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**[10]**

Pheqa ikhasi

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IDWALA LIKASHAKA - JM Sikakane**

Yidwala likaShaka
EliseSibubulungu,
Elahlul' abelungu
Ukuliqhephula

Yidwala likaShaka
Elengamel' ulwandle
Kuhle kwenkos' imele
Imikhosi yempi.

Yidwala likaShaka
Elabikezel' umlungu,
Nempela wathi lungu
Emanzin' olwandle.

Yidwala likaShaka
Elalibuk' amabutho
Ezam' ukwenz' ufutho
Kumadlamb' olwandle.

Yidwala likaShaka
Eligezw' amagagasi,
Won' adl' aMaqaqasi
Ejutshwa yiLembe.

Yidwala likaShaka
Eliseyisisekelo.
Liseyisizekelo
NgoShaka kashayeki.

2.1 Yisho ukuthi kungani imbongi isebenzise isigqi esisesitanzeni soku-1. (2)

2.2 Chaza kafushane ngokusetshenziswa kwesifengqo esitanzeni sesi-2. (2)

2.3 Ngabe ukusetshenziswa kokuxhumana ebinzeni lesi-3 kukwelekelela kanjani ukuqonda leli binza. (2)

2.4 Iyini inhloso yembongi ekusebenziseni umqondo oqukethwe ibinza lesine. (2)

2.5 Phawula ngokusetshenziswa kwempindwa kule nkondlo. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIZIBA SENHLAKANIPHO - E J Mhlanga**

Sizib'esijulile Njulase,
Ngiphum' emzini kababa,
Kusempondozankomo ngovivi lokusa,
Ngithwel' izihlabath' ekhanda,
Kwathiw' angonyus' amaqele,
Ngiyoncel' amanzi ngobhaqa;
Ngisuthisa wena Nzibase.
Kunamuhla lokhu ngisahamba,
Ngisathulula lesi sihlabathi,
Engisigeza ngamanz' omfula,
Olokhu kwasa ugobhoza.

**Uyimpambankwici** we**Njulase**,
Ngokuhlomel' ekudepheni.
Buph' ubunzulu bakho
Lapho ngohlala ngiphumule,
Nginethezeke ngobuqhawe;
Lokh' ungafun' ukujula
Oseku ngixabanise nowethu,
Engabashiy' osebeni,
Bezidobel' inhlanzi ngodobo.
Ngiyokuthola nin' ukuphumula,
Komzimb' osufohlok' umhlandla,
Ngithungathana nenjulo yokudepha
Kwakho Nzuluse?
Sizinda sami ngiyophephelaphi,
Uma ngingaphepheli kuwena?
Hleze ngothi sengiyithongo,
Basale bedalul' imfumbe
Yobunzulu bakho siziba,
Ngoba namuhl' uyimpicabadala.

3.1 Tomula imvumelwano esesitanzeni sokuqala bese uyayigagula. (2)

3.2 Chaza kafushane umoya oqukethwe umugqa we-15 kuya kowe-16. (2)

3.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa i-enjambamenti osemgqeni wama-23 kuya kowama-24? (2)

3.4 Chaza ukukhethwa kwamagama abhalwe ngokugqqmile ukuthi akulekelela kanjani ukuqonda leli binza. (2)

3.5 Phawula ngekhono lembongi ekugqamiseni indikimba yale nkondlo ubhekise emigqeni wama-25 kuya kowama-30. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

**[10]**

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UKUTHULA - B.W Vilakazi**

Uma thina sobabili singahlala lapha,
Sicambalale osebeni lolwandle nogu,
Ehlabathin' elimhloph' eligcwel' ufasimbe,
Lapho kugcwel' ukuthula komhlaba nezulu
Yiyo le ndaw' eyenza mina ngiqumbelane
Usikisiki lomphefumulo nonembeza.
Le ndaw' egcwel' inhlokomo, kuyo kubuthene
Konk' okuhle nokuphans' umphefumulo wami.

Kuyona ngizw' amazwan' abantu bekhuluma,
Abant' abahamba ngezinyawo nangomoya,
Abanye bentanta nangaphezulu kwamanzi.
Bayasikhohlisa bathi ngamahlengethwa,
Abanye balokhu benyakazisana nemithi,
Benyakazisana nezindwan' eziluhlaza.
Kuthi nxa siyobuza kuthiwe yiwona moya.
Ngiyabezwa bekhuluma, woza ungizwise.
Ngiyabathanda, bayangithanda, woz' uzizwele.

4.1 Tomula ifanamsindo elitholakala emgqeni wesi-3 bese uyaligagula. (2)

4.2 Chaza kafushane ukusetshenziswa kwe-enjambamenti kumugqa wesi-4 kuya kowesi-6. (2)

4.3 Ngabe ukusetshenziswa komfanekisomqondo okusemgqeni wesi-9 kukwelekelela kanjani ukuqonda leli binza. (2)

4.4 Yini inhloso yembongi ekusebenziseni imvumelwano esemgqeni we-16 kuya kowe-17. (2)

4.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni isigqi sale nkondlo. (2)

**[10]**

Pheqa ikhasi

Downloaded from Stanmorephysics.com


**KANYE**

**INKONDLO ENGAMISELWE: (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**SADALELWA UKUHLUPHEKA – JC Dlamini**

Ngiphakathi kwezitezi ezigwaza izulu
Ngigebisa ikhanjana ngizibukabuka;
Izinswenya zezimali zikinatelw' emabhangi,
Mina ngishaya ngonobhaqa kuklokloza isisu,
Ngilala ngivuke ngingakuthanga mbibi.
Insebenzwana ngukuphandela emuva,

Umsebenzi ngiyawuthola ngingawutholi
Abelungu bangidudula ngemikhaba bheka!
Kodwa Nkulunkulu ngiyoze ngiphumulephi?
Okwethu okwezandla sadalelwa ukuhlupheka!

Besengikhohliwe, angidalwanga ngazalwa,
Abadalwa bokuqala babephelele ngokugcwele,
Ngokomzimba ngokwengqondo, ngokoMphefumulo;
Ngubuqili bukaSathane obeza nezinhlupheko,
Ofulathela ubuqili bukaSathane UYAPHILA.
Angiyeke ubuqili ngiphile ngokugcwele ngensebenzo,
Angiyeke umona ngiphile ngokugcwele ngobudlelwane,
Angiyeke inzondo ngiphile ngokugcwele ngoZENZELE!

[Icashunwe encwadini ethi: Sadabuka Isizwe, [JC Dlamini]

5.1 Tomula imvumelwano etholakala ebinzeni loku-1 bese usho uhlobo lwayo. (2)

5.2 Nikeza kafushane umoya olethwa imifanekisomqondo emgqeni we-4 usebenzise amagama akho. (2)

5.3 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwe-okzimoroni ebinzeni lesi-2 kukwelekelele kanjani ekuqondeni isimo salo muntu? Sekela impendulo yakho. (2)

5.4 Humusha ukusetshenziswa kwemigqa evalekile emigqeni we-11 kuya kowe-15. (2)

5.5 Phawula ngokuhlolisisa okushiwo imbongi ebinzeni lokugcina. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU B: INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Ukunganeliswa kwabantu yilokhu abanakho kugcina kubalimaza empilweni.

Hlaziya ngokuhlolisisa lesi sitatimende ubhekise kule noveli ethi, *Kunjalo-Ke*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

### UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA**

'Umama benosisi sebefikile ekhaya.' Kwabonakala uyise ethuka kodwa wangaphendula. Wayenqena ukuphawula ngoba wayecabanga ukuthi ingane iyamkhohlisa. Bahamba ngokushesha, uBahlekile elokhu egxumagxuma ngaphambi kukayise sengathi udlala umdlalo umagalopha. UKheswa wayehamba ecabanga: 'Ngoba kungase kwenzeke ngempela nje madoda ukuthi uMaNdovela ukhona ekhaya.

Ngizovele ngingabe ngisasho lutho. Ehhe, okwakobani nje ukuba yimpohlo?' Bahamba njalo oBahlekile noyise baze bafika ekhaya.
UKheswa wangena ekhishini, wadonsa isigqiki sakhe, wahlala phansi.
'Awu, senibuyile MaNdovela?'
'Yebo!' esholo phansi.
'Khona bese ngizwile ngendodakazi ukuthi senifikile. HHayi-ke siyabonga.' UKheswa wabe esecela umkakhe ukuba baye koxoxela endlini yabo yokulala. Lwamuthi heqe uvalo uMaNdovela, wacabanga:
'Mhlawumbe le ndoda seyifuna ukuyongiqoba amaphisisi nje, kwazi bani?' Wayengaqondi kahle ukuthi umyeni wakhe wayekusho ngomoya okhululekile yini lokho.
Nokho wama isibindi, wamlandela baze bayongena endlini.
Kwathi bangahlala phansi, uKheswa wathatha wathi:
'Nathi lapha MaNdovela besihlangene izolo. Sibonisene siwuzalo ukuthi kufanele ngikulande eMbumbulu. Wukuthi nje kwasuke kweqa amazwi nkosikazi ngenxa yentukuthelo.' Athule kancane uMaNdovela ebheke phansi. Kuthi ngesikade bese ethi: 'Ngiyezwa yise kaDumazile. Ngiyabonga uma usuwahoxisile amazwi akho.

Ngiyabonga NoZulu.' UMaNdovela wamlandisa-ke umyeni wakhe ngohambo lwaseMbumbulu. Nakuba kwakubuhlungu nokho, kodwa indoda yayisibhodlile.
Ngubani igama lomntwana?'
'Batheni konje onesi? O, bathe ngutasika nguLilatho.'
'Uliqanjwe ngubani umntwana leli igama?'

Downloaded from Stanmorephysics.com


> 'Uliqanjwe nguDumazile. Ugange kabi yena, usekwazi ukuqamba ingane naye ebe eyingane!'
> 'Lolu hlobo lwegama alwandile lapha ezansi. Ungumhlobo muni yena uthisha?'
> 'Sengathi ungumSuthu. Ehhe.'
> 'O, kusho ukuthi yilaba bakaMshweshwe! Cisho impela. Hhayi-ke akulutho phela ngoba nabo ngabantu. Umzukulu sengiyomkhunga kusasa.'

7.1 Ludalwa yini udweshu lwangaphakathi kuKheswa kulesi siqeshana? (2)

7.2 Siyini isizathu esenza ukuba uMandovela abe manqikanqika ngokulandela uKheswa uma embiza ukuya endlini yabo yokulala? (2)

7.3 Phawula ukuthi okwenzeka kulesi siqeshana kuyigqamisa kanjani indikimba yale noveli, bhekisa kumlingiswa onguDumazile. (3)

7.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ngokuvezwa komlingiswa onguKheswa ngokwalesi siqeshana? (3)

7.5 Chaza isigameko esaholela ekutheni uMaNzimande agcine esesebenza emakhishini. (2)

7.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaMtalaselwa ukube walalela unina uma emtshela ukuthi ahlukane noDumazile? Sekela impendulo yakho. (2)

7.7 Qhathanisa izenzo ezifanayo zikathisha uMoloi Kanye noSithole eziveza ukuxegelwa yisimilo kule noveli. (3)

7.8 Phawula ngokuphumelela kombhali ukusethulela uvuthondaba kule noveli. (3)

7.9 Uyavumelana nokuthi uMoloi ube yisisusa sodweshu empilweni kaDumazile? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguMoloi. (2)

7.10 Uyazwelana nomlingiswa onguSithole ngokuthengiswa kweveni lakhe nguDumazile? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza uma kwakunguwe ubhekene nalesi simo? (3)

**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Lithatha osemsamu limphose emnyango, lithathe osemnyango limphose emsamu.

Hlaziya ngokuhlolisisa lesi sitatimende usibhekise kwiNoveli ethi, *Impi Yabomdabu Isethujini.*

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA**

'Ugogo yisisebenzi lapha ekhaya, hhayi uphilinsiphali noma ungqongqoshe wezemfundo njengoba yena ecabanga.'

'Yena uMa-X ulungile. Yizo izintwana zakhe ezincane ezithanda ukuba isinengiso. Futhi thina naye siyezwana. Ngibona ukuthi nina nixatshaniswa nangokungaqoqi kwakho.'

'Ngiqoqeni manje Melly?' kubuza u-Euthenasia elokhu esika imibengo kashizi eyiphonsa emlonyeni. 'Uqoqe nje ekamelweni lakho. Futhi uma kade udla, usibeke isitsha obudla ngaso esinkini esikhundleni sokuba usishiye lapho ubudlela khona. Kwenye inkathi, nami ngiye ngesabe ukungena ekamelweni lakho mfowethu. Kuye kungathi kuzophuma inyoka.'

'Angizwa ukuthi yini ekuphatha kabi ekwenzeni kwami lokho Melly. Uma mina ngiqoqa isitsha ebengidlela kuso, sizosebenzani isisebenzi salapha ekhaya? Mina ngiyingane yalapha ekhaya, hhayi isisebenzi. Mina ngiyinkosana yakwaNgubane, wena uyinkosazana. Lokhu asizikhethelanga, kodwa kwabekwa ngaphezulu. Wena Melly uke akubize ngenkosazana ugogo. Kuhle lokho. Mina "akacingi" ukuba angibize ngonkosana.'

'Awu kahle Euthy ukungihlekisa. Nawe usufuna ukubizwa ngenkosana? Ungunkosana usuyiNdiya yini?

Mina ngazi amaNdiya abizwa ngonkosana lapha emakethe, ngingazi ukuthi lo bunkosana abuthathaphi amaNdiya. Mina ngingamkhuza ugogo uma ekubiza ngonkosana. Futhi nomama angiboni ukuthi angakuthanda lokho.

'Cha Melly, bengingasho ukuthi sengifuna ukubizwa ngonkosana. Nami iyangidina into yokubizwa amaNdiya ngonkosana. Mhla ngakhula, ngozinika umsebenzi wokuba ngiphume umkhankaso wokushumayeza abantu bakithi ukuba bayeke lo buncelebane babo benkosanisa amaNdiya, bekhosiza bebasabisa nabeLungu. Kodwa phela ukuba ugogo usebenzela abelungu noma amaNdiya ngabe ugogo ungibiza ngonkosana.'

'Ngoba nawe kuloyo mkhankaso Euthy. Okwamanje zama ukuqoqa ekamelweni lakho, bese uthatha njalo isitsha obudla ngaso usifake esinkini. Uma wenze njalo nohlalisana kahle nogogo Ma-X.'

'Khona ngizozama noma lo kuthunywa kokwehla nokwenyuka kade ngakwehla.

Downloaded from Stanmorephysics.com


9.1 Ludalwa yini udweshu phakathi kuka-Melody no-Euthenasia kulesi siqeshana? (2)

9.2 Yimuphi umkhankaso owawuzokwenziwa u-Euthenasia uma esekhulile? (2)

9.3 Chaza kafushane ngokwenzeka esiphethweni salesi siqeshana. (3)

9.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ngokuvezwa komlingiswa ongu- Euthenasia ngokwalesi siqeshana. (3)

9.5 Chaza isigameko esaholela ekutheni uBafana ahambe kwaMaMthunzi. (2)

9.6 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaNgubane ukube akabuyelanga eMpaphala? Sekela impendulo yakho. (2)

9.7 Qhathanisa izenzo ezifanayo zikaHlanganisani kanye no- Uzithelile ekuthuthukiseni indikimba yale noveli. (3)

9.8 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa isizinda saseMlazi naseMpaphala? (3)

9.9 Uyavumelana nokuthi ukungabi nobuntu kukaBafana kumalume wakhe yikhona okwaba yisisusa sodweshu? Sekela impendulo yakho. (2)

9.10 Uyazwelana nomlingiswa onguNgubane ngakutshelwa nguThathezakhe Mdlalose? Sekela impendulo yakho. Yikuphi owawungakwenza uma kwakunguwe ubhekene nalesi simo? (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Imali impande yesono.

Hlaziya ngokuhlolisisa lesi sitatimende ubhekise kulo mdlalo othi *'Ubhuku Lwamanqe'*

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

### UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA**

PHINDISIWE: *(Ngokufutheka)* Sikhohlakali ndini ufunani? Hlukana nomoya wami. Kangikuhluphi ngalutho ngoba savumelana ukuthi le mfihlo yaziwa yithina sobabili. Ngalokho ube uyagcina ngci ukushaya ucingo ngalesi sikhathi. Ngingaze ngilahlekelwe okukhona ngokungekho. (Alushayengesikhulu isankahlu ucingo. Aqonde lapho kungena khona intambo yocingo afike alunyomule.)

THAMSANQA: *(Ngomoya ophansi.)* Ngisaphinda futhi ngibuza ukuthi ngubani lona othi akahlukane nawe Phindisiwe?

PHINDISIWE: *(Ziyime emthumeni, awaqanule ngokunye amehlo ngoba ubecabanga ukuthi uThamsanqa akezwanga. Ngelokubibitheka)*. Sithandwa, kusho ukuthi awukangithembi nanamuhla lokhu? *(Agqolozele uThamsanqa ngemvula yezinyembezi.)*

THAMSANQA: Ukusho ngani lokhu? Ungizwe ngithini? *(Akhiphe izibuko abheke ngakumkakhe.)* Munye umbuzo enginawo owokuthi uma ubusezinyathelweni zami ubungasixazulula kanjani lesi simo engibhekene naso manje?

PHINDISIWE: *(Awushaye indiva lo mbuzo. Azwakale esethi ...)* Uthando luyabekezela. Ngisho ngoba enkonzweni namuhla bekukhulunywa ngayo indaba yokuzindlelana. *(Luthi heqe uvalo. Athule kancane ezwe inhliziyo ishaya ngamandla. Abambe isifuba okomuntu ophelelwe ngumoya.)*

THAMSANQA: Kwenzenjani Phindisiwe? *(Aphuthume afike ambambe ngesandla.)*

Downloaded from Stanmorephysics.com


PHINDISIWE: *(Ngephimbo elihiqizayo)* Akulutho, into nje nginovalo olungidabula inhliziyo. *(Kube ngathi uyantengezela abambelele ehlombe likaThamsanqa.)* Ngicela ungiphuzise amanzi.

THAMSANQA: *(Eqonda ekhishini emkhelela amanzi ngenkomishi. Amnikeze. Athathe umthamo owodwa inkomishi ayibuyisele esandleni sikaThamsanqa.)* Lukhulu luyenzeka lapha kuwe.
Amazake noma ukwethembana sekwaphela yini? Ngiyakhumbula ukuthi savumelana ngokungagodlelani izifuba, ngingazi-ke ukuthi sekwashintsha yini? Engikushoyo-ke ukuthi le nkinga kasilali singayixazululanga, engagcina kungumgomo waleli khaya ukuthi akulalwa omunye esathukuthele. Kuyangixaka-ke uma sekunenguquko engingayaziyo.
Usungahluleka ukuqeda inkomishi eyodwa yamanzi?
Akekho-ke omunye owaziyo nguwena wedwa.

PHINDISIWE: Sekwanele. *(Angene endlini yangasese. Asule izinyembezi esezigcwele ubuso. Uvalo kaluzibekile phansi. Kumfoma izithukuthuku. Imicabango iyanyathelana. Agcine ngakho ukuphimisela.)* Nkosi yami kodwa ungilahlelani na? Nokuba ngamtshela uThamsanqa ...
a *(Ezwe isandla simthinta ehlombe langakwesokudla.)*

THAMSANQA: Nokuba wangitshelani Phindisiwe?

PHINDISIWE: Ungakhathazeki. *(Abalekise amehlo akhe abuke phezulu ophahleni lwendlu abakuyona.)*

THAMSANQA: Ngingahlala kanjani ngingakhathazeki ngikubona ungaphathekile kahle? Wena uthi ngithule ngingasho lutho?
Uyabona Phindisiwe, ngeke ngikuphoqe ukuthi ungitshele uma ungafuni.
Kunye-ke engikucelayo, uma usuzimisele ukukhuluma wongazisa.
*(Abuyele ekamelweni amshiye emi esibukweni esasula izinyembezi.)*

PHINDISIWE: *(Athule afe okungathi akezwanga. Eqhubeka ekhuluma yedwa ...)* Emuva kweminyaka engaka pho? Ngingamtshela ngithini uThamsanqa le ndaba? Kungcono ngife nayo. Ngizingcwabe ngiphila? Kodwa manje. *(Ziwohloke futhi izinyembezi. Azesule ngendwangu yakhe yokugeza. Athi ukuzibukabuka eselungiselele ukuyolala.)*

11.1 Yini efihlelwe uThamsanqa kulesi siqeshana? (2)

11.2 Chaza isigameko esiholele umlingiswa onguPhindisiwe ukuba akhulume la mazwi akhe okuqala kulesi siqeshana. (2)

11.3 Nikeza okufanayo ngokuvezwa komlingiswa uMathonsi noThamsanqa ngokwenkolo yabo kulo mdlalo bese usekela impendulo yakho ngokwencwadi. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


11.4 Chaza kafushane ukuxhumana kwenkulumo-mpendulwano phakathi kukaThamsanqa noPhindisiwe nesenzeko esenzeka emuva kwalokho. (3)

11.5 Iyini inhloso yombhali yokuphetha umdlalo ngenkondlo eqondiswe kuThamsanqa? (2)

11.6 Qhathanisa ukuxhumana phakathi kwenkulumo kayedwana kaPhindisiwe etholakala kulesi siqephu kanye nesenzo sikaNkululeko sokuyofuna ingane emzini kaMathonsi. (3)

11.7 Chaza ubudlelwano obukhona phakathi kukaNkululeko, uSikela, uMaqoma noPhindisiwe kanye nendikimba yalo mdlalo. (2)

11.8 Ucabanga ukuthi wawuyoba njani umphumela wesimo senhlalo phakathi kukaThamsanqa noPhindisiwe emuva kokuphela kwesigwebo sikaPhindisiwe? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)

11.9 Ngokwakho ukubona, ngabe umlingiswa onguThamsanqa ufanele yini ukubuza lo mbuzo odwetshelwe kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

11.10 Phawula ngokusetshenziswa kwamazwi akubakaki athi, '(Ziyime emthumeni.)', kulesi siqeshana uwayamanise nezenzeko ezehlakalele uPhindisiwe kulo mdlalo. (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO YOKUMAKA LELI IPHEPHA**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe imemo.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. **Imibuzo emide**

   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. **Imibuzo emifushane**

   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/Ukwesekela/Ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu/Ukwesekela/Ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)**

'MUSANI' - M.S.S Gcumisa

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Izimpendulo zingahluka kuye ngokuthi umfundi uyiqonda kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo yokumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**

Kuyiqiniso elingephikiswe ukuthi uma wedlulelwe ngothandiweyo wakho kumele wamukele isimo njengoba sinjalo. Njengoba sazi ukuthi ukufa sekuyinto eyejwayelekile futhi esiphila nayo futhi sonke simelwe ukudlula emhlabeni. Ngizofakazela lesitatimende ngagama agqamisa indinkimba enkondlo ethi 'Musani'.

**UMZIMBA**

Imbongi isebenzise igama elithi **'musani'** elisho ukukhuza abantu ukuba bangayenzi into ethile. imbomgi ikhuza laba abakhalayo ukuba abangabe besakhala kodwa mabamukele ukuthi othandiweyo wabo akasekho. Imbongi iphoqa labo abakhalayo ukuba bayeke ukukhalela lowo osebiziwe. imbongi iphinde yasebenzisa isimo sokukhuluma esiyisisho esithi **'ukubibitheka'**-okusho ukukhalela ngaphakathi izwi lingaphumi okubonakala ngokuphuma kwezinyembezi ukuveza ukuthi iyabakhuza ukuba abayeke ukukhathazeka ngosebiziwe nguMdali.

Imbongi ikhethe igama **'ukulila'** ukusivezela ukukhala kakhulu ngokumemeza, imbongi ikhuza abantu ukuba abayeke ukukhala kodwa mabamukele ukuthi othandiweyo wabo akasekho ukuze ezophumula ngokuthula. Imbongi iphinde yasebenzisa igama **'kanazi yini'** ukugqamisa umqondo wokuthi singabantu kumele sihlale sikholwa ukuthi osehambile usuke esebuyele ekhaya ezulwini. Imbongi isebenzise umbuzombumbulu ukuveza umuzwa wokudideka oba kubantu uma sekufikile ukufa.

Imbongi isebenzise igama **'ukuthuthumela'** ukunxusa labo abasenawo amandla ukuba baduduze labo abethukileyo ngosedlulile emhlabeni. Imbongi ithi abamkele ukuthi usebizwe uMdali. Ngasekugcineni kwenkondlo imbongi iphetha ngamazwi athi **'vulani izinhliziyo'** okuchaza ukwamkela, imbongi igqamisa ukuthi abamkele isimo njengoba sinjalo.

**ISIPHETHO**

Impela kuliqiniso ukuthi ukwamkela isimo uma umuntu osedlulile emhlabeni kuyasiza, yize kunzima kuwowonke umuntu kodwa ngenxa yosikompilo lwethu kufanele sikwamkele ukwedlula komuntu emhlabeni.

[Makunikezwe amamaki aphelele empendulweni esekelwe kahle.]
Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ingaba namagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

'IDWALA LIKASHAKA' - JM Sikakane

2.1 Isigqi salesi sitanza siyashesha ngenxa yomoya wokuncoma, Kanye nokuvuleka kwemigqa kunomthelela wesigqi esisheshayo. (2)

2.2 Imbongi isebenzise isifaniso' kuhle kwenkosi...' ukugqamisa ukuthi leli dwala lime laqina njengamabutho eNkosi elindele ukulwa. (2)

2.3 Ukusetshenziswa kokuxhumana sigcino 'Elabikezel' **umLungu**, Nempela wathi **lungu**' ukugcizelela nokuletha umgqumo omnandi osamculo enkondleni, ukuxhumanisa umqondo wokuthi abelungu bavesane bafika kungalindele muntu. (2)

2.4 Kuleli binza imbongi isilandisa ngetshe iNkosi eyayihlala kulo ibukela ababutho eziqeqesha kumagagasi olwandle. (2)

2.5 Imbongi iphumelele ukusebenzisa impindwa 'Yidwala likaShaka' ukugcizelela ubukhulu nokuqina kwalelitshe/ amandla eNkosi uShaka nokuqina kombuso waKwaZulu. (2)

**[10]**

**UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE**

'ISIZIBA SENHLAKANIPHO' - E J Mhlanga

3.1 **Ngi**yoncel' amanzi ngobhaqa;
**Ngi**suthisa wena Nzibase.
Imvumelwano siqalo. (2)

3.2 Umoya oqukethwe umugqa we-15 ne-16 umoya wethemba. Imbongi yethemba ukuthi ngesikhathi isifunde yagogoda iyohlala iphumule inethezeke ngoba iyobe isinqobile, isidla izithelo zemfundo (2)

3.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa i-enjambamenti ukuxhumanisa umqondo womugqa wama-23 kuya kowama-24, ukugqamisa umqondo wokuthi ngeke ikuthole ukuphumula izolokhu ifunde njalo ukuze izuze ulwazi olusezingeni eliphezulu olunzulu noludephile. (2)

3.4 Amagama abhalwe ngokugqamile athi 'impambankwici noNjulase angilekelele ngokuqonda ukuthi imbongi ibiza imfundo ngento eyindida futhi ewulwazi olujulile/ enikeza ulwazi olujulile. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.5 Imbongi iphumelele kahle ukugqamisa indikimba yemfundo kule migqa ngoba ibiza imfundo ngesizinda sayo sokuphephela. Imbongi ayiyiboni enye into engayisiza ngaphandle kwemfundo. Ichaza imfundo njengento engachazeki ithi hleze iyobe ingasekho ngale nkathi sekuchazwa noma sekunamagama ayokwazi ukuchaza ukuthi ngempela kuyini ukujula kwemfundo. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE**

'UKUTHULA' - B.W Vilakazi

4.1 Ehlabathin' elimhloph' eligcwel' ufasimbe,
Ifanankamisa (2)

4.2 Ukusetshenziswa kwe-enjambamenti emigqeni wesi-4 kuya kowe-6 ukuxhumanisa umqondo osemgqeni wesi-4 ophelela emgqeni wesi-6. Imbongi iveza ukuthi yiyo le ndawo eyilethela injabulo, ukuthula kanye nokweneliseka komphefumulo wayo. (2)

4.3 Ukusetshenziswa komfanekisomqondo wokuzwakalayo "Ngizwa amazwana" kungilekelela ukuthi ngiqonde ukuthi kule ndawo kunabantu abahamba ngezinyawo bekhulumela phansi ngoba abawubangi umsindo noma bekhuluma. (2)

4.4 Inhloso yokusebenzisa imvumelwano siqalo 'Ngi' ukuletha umgqumo omnandi osamculo, nokugcizelela ukuth imbongi ikhuluma ngayo uqobo ukuthi yiyo ezwa konke lokhu okukhulunywa yilaba bantu. (2)

4.5 Isigqi sale nkondlo siyashesha, ngenxa yomoya wokuncoma nokulangazelela njengoba ethi 'woza uzizwele' Nakuba ziningi izimpawu zokuloba kodwa akusenzi sinense. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE**

'SADALELWA UKUHLUPHEKA' – JC Dlamini

INKONDLO ENGAMISELWE

5.1 Ngiphakathi kwezitezi ezigwaza izulu
Ngigebisa ikhanjana ngizibukabuka;
Imvumelwano-siqalo.

NOMA

Mina ngishaya ngonobhaqa kuklokloza isisu
Ngilala ngivuke ngingakuthanga mbibi;
Imvumelwano-maphakathi. (2)

5.2 Imifanekiso-mqondo iletha umoya wokukhathazeka. Imbongi ithi ihamba ngezinyawo futhi ilambile. (2)

5.3 Le-okzimoroni ingelekelele ukuba ngiqonde ukuthi lo muntu akaphathekile kahle/akanelisekile ngomsebenzi awenzayo ngoba uyawuthola umsebenzi kodwa uyaye athi esajabula uphele futhi umsebenzi/ uyawuthola umsebenzi kodwa ungazifezi zonke izidingo zakhe. (2)

5.4 Imbongi isebenzise imigqa evalekile edala ukuthi isigqi sinense. Imbongi ikhombisa ubumsulwa babantu abadalwa kuqala, base benza okubi ngenxa yokuyengwa nguSathane kepha okwaziyo ukubona amaqhinga kaSathane uyakwazi ukuphila. (2)

5.5 Imbongi kuleli binza igcizelela ukuthi masiyeke ukubalisa nokwenza izinto ezingayisani phambili. Ngakho-ke masivuke sizithathe/masenze izinto ezizosiqhubela phambili ngokubambisana/ nokuzwana. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com 

**ISIQEPHU B: INOVELI**

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**

Abantu abaningi bayaye bangakwazi ukubonga izinto abanazo babe nokufuna okungaphezulu noma abangadalelwanga khona, bafune ukuzikhethela. Abanye abalingiswa kule noveli bakhombise ukunganeliswa benza izinto ezidale ukuthi balahlekelwe okukhona ngokungekho.

**UMZIMBA**

(Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abanganeliseki ngayo kule noveli)

UDumazile akaneliseki ngukuthi unina onguMaNdovela uncenge uyise uKheswa ukuthi uDumazile aqhubeke nokufunda angahlali ekhaya alinde ukugana, yena ufika esikoleni uthandana nothisha. UKheswa uze uthengisa inkomo ukuze ayofunda eMbumbulu kepha yena akaneliseki yimizamo yabazali bakhe ufika esikoleni uyaqoma, agcine ngokukhulelwa bese ebuya ekhaya engasaqedanga izifundo zakhe. Uphinde athole umsebenzi kwaSithole akaneliseki imali ayiholayo, uvuma ukuhehwa nguSithole ngemali eningi agcine esethole nenye ingane uMtholephi engashadile.

USithole unenkosikazi, ingane, umuzi nebhizinisi. Ushela uDumazile ebe enenkosikazi azi futhi ukuthi abazali baDumazile bamkhonzile futhi bamthembile bamthatha njengoyise wakhe udumazile. Uze ufaka isehlukaniso kunkosikazi wakhe uMaNzimande, ufuna ukumphuca indlu asale engenalutho yize benengane naye edinga ikhaya. Uyahamba uyohlala noDumazile asemthengele nomuzi nemoto uDumazile agcina eseshayisile ngayo kwangena yena uSithole enkingeni wagcina ngokuboshwa. Kuthe esebuya wathola ukuthi uDumazile usenenye indoda, waphelalwa indawo kwafuneka ukuthi abuyele emuva kuMaNzimande umkakhe.

Uthisha uMoloi naye uthi enguthisha esebenza kodwa enze into ewubulima ethandane nengane yesikole ekubeni enenkosikazi yakhe ayishiye eGoli. Uthandana noMiss Hlophe amkhulelise angagcini lapho aphinde amithise nengane yesikole lokho okwagcina kumlahlekelisela ngomsebenzi. Uthe esebuyile ekucasheni kwakhe esethole umsebenzi omusha aphinde angene emzini wenye indoza okunguMtalaselwa okwaholela ekutheni ashaywe uSithole.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIPHETHO** (Uvo lohlolwayo)

Abalingiswa abaningi babonakele ukuthi abaneliswa yilokho abanakho. Lokhu kudale ukuthi bagcine sebelahlekelwe ngokuningi empilweni kunalokho abanakho. Abantu mabazifundise ukweneliseka ngoba ngeke ube nakho konke empilweni.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa indlela abalingiswa abanganeliseki ngayo bese begcina ngokulahlekelwa okuthile abanakho)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE*** **– ME Wanda**

7.1 Udweshu ludalwa wukuthi uKheswa akakholwa uma ezwa ngokuzibuyela kukaMaNdovela ekubeni nguyena owayemxoshile futhi akasafisi ukuhlala yedwa njengempohlo ebe eganiwe. (2)

7.2 UMaNdovela wayesaba ukuthi mhlawumbe uKheswa wayefuna ukumqobaqoba futhi engakholwa ukuthi wayembiza ngomoya okhululekile. (2)

7.3 Indikimba yale noveli ukuxegelwa isimilo/ ukungaziphathi kahle. Kulesi siqeshana siveza uDumazile engumuntu ongaziphathanga kahle ngoba ubuye eMbumbulu esezithwele ekubeni ebehambe eyofunda. Nakhona utholiswe uthisha wakhe umtwana womsuthu. (3)

7.4 Uvezwe njengomlingiswa onothando lomndeni wakhe njengoba ejabulela ukubuya kuka MaNdovela ekhaya nobengakuthandi ukuhlala yedwa. Uphinde wamukela ukuthi umtwana ukhona nakhu uthi uzomkhunga ekuseni. (3)

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa)

7.5 Isigameko esaholela uMaNzimande ukuba ayosebenza emakhishini yingoba wayesehlupheka uSithole esebhungukile ekhaya esehlala noDumazile emafezini engesesona isigwili eseyinto yophuzo oludakayo. (2)

7.6 Wawuzoba muhle, wayengeke azithole esengumuntu onodlame oshaya uDumazile ngenxa yezenzo zikaDumazile ezingezinhle zokubuyelana nabantu ayethandana nabo bese begcina ngokulwa emziniwakhe. / Wayengagcina eshade nomama wengane yakhe yeminyaka yakwaZungu eyayithandwa unina.

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka.) (2)

7.7 Bobabili bangabalingiswa abangenaso isimilo. UMoloi ushadile, uthandana nengane yesikole enguthisha wayo okwagcina kuholele ekutheni aphelelwe ngumsebenzi wokufundisa uphinde, abuyelane noDumazile eseshadile agcine ngokugula kanti noSithole uthandana noDumazile ebe eyingane kuyena futhi enoNkosikazi uMaNzimande. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com 

7.8 Umbhali uphumelele ukusethulela uvuthondaba esilithola ngesikhathi uDumazile esesesibhedlela kwaNongoma egulela ukufa. Ulalele umsakazo uzwa kufundwa izimemezelo zabangasekho lapho ethola izindaba ezibuhlungu zokudlula emhlabeni kwabantu abekade ezwana nabo uSithole, uMoloi, uMthovovo, Kanye nomyeni wakhe UMtalaselwa. ucela ukubizelwa nabazali bakhe ucela uxolo naye ishoba lagcina lilele amazolo. (3)

7.9 Ngiyavumelana ngoba uDumazile ubeyingane esithandayo isikole engenankinga kodwa udweshu lwaqala lapho uMoloi owayenguthisha eseshela uDumazile Kanye nokuzwa omemu behleba ngaye bethi uthandana nothisha uMoloi okwagcina uDumazile emqoma uMoloi ngoba esemsebenzisela imithi. (2)

7.10 Ngiyazwelana ngoba wayecabanga ukuthi ikhona imoto ayesenayo eyayisengamsiza njengoba wayephuma ejele futhi elahlekelwe yikho konke ayenakho. Ngangingaxolisa inhliziyo ngixolise kumkami, ngibhekane nomsebenzi wami omusha, ngikhohlwe iveni.

NOMA

Angizwelani noSithole ngoba wayethenge umuzi ngegama likaDumazile ebe enonkosikazi wakhe kanti uzoboshwa iminyaka emithathu. UDumazile wayenelungelo lokuyithengisa iveni njengoba kwakungumuzi wakhe. Ngangiyokwamukela ukuthi ayisekho iveni, ngisebenze kanzima ukuze ngithenge enye ngikhohlwe okwenzekile. Ngixolise kunkosikazi ukuze sibhekane nempilo kabusha (3)

**[25]**

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**

Kuyiqiniso ukuthi lithatha osemsamo limphose emnyango, lithathe osemnyango limphose emsamo. Lesi isimo sokukhuluma esiyisaga, sichaza ukuthi obusayo angagcina esehlupheka, ohluphekayo angagcina esebusa. Kule noveli ethi *Impi Yabomdabu Isethunjini* kunabalingiswa ababusayo kodwa bagcina sebehlupheka, bese kuba nabalingiswa abahluphekayo kodwa abagcina sebebusa. Lokhu sikubona kulaba balingiswa okunguBafana, uPoppy, u-Uzithelile, uHlanganisani kanye noCele.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMZIMBA**

(Umfundi angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye ukuveza ukuthi ngempela idlozi liyamthatha osemnyango limphose emsamo, lithathe osemsamo limphose emnyango)

UBafana uzibona engcono kunomndeni waseMpaphala ngenxa yokubusa. Lokhu ukukhombisa ngesikhathi kufika uCele emzini wakhe engashongo ngenxa yendlala eMpaphala. Kunokudonsisana ngamazwi uma ezwa uBafana ukuthi uCele uzocelela izingane zikaLinono okunguHlanganisani no-Uzithelile indawo yokuhlala, uBafana ugcina esemkhakhabise okwenja umalume wakhe. UBafana umnika ikhadi elinezinombolo zakhe ukuba uCele amshayele ucingo ukuze bahlele. UCele uyabuyela emzini womshana wakhe, uyemukeleka uze amenzele itiye namakhekhe kodwa udaba eze ngalo akalwamukeli. UBafana utshela umalume wakhe ukuthi umuzi wakhe wenele izingane zakhe kuphela akanayo imali yokufundisa izingane zasemafamu ezikoleni zabamhlophe nezimoto zakhe zincane, umuzi wakhe mncane ngeke ukwazi ukuthatha ezinye izingane. UBafana uyabusa lokhu sikubona kuCele ezinika isikhathi ebuka umuzi womshana wakhe ukuthi umtakadadewabo sewaba ngumLungu mnyama.

UBafana akaxoxi nomakhelwane, ababingelelani, abazani futhi abananelani ngenxa yokubusa. UBafana akafuni ukusiza abantu abamnyama njengoba uBern Martin ayenesifiso sokusiza abamnyama, uBafana utshela uBern ukuthi ayikho yena into emhlanganisa nabantu bakwaMashu, Lindelani njll, yena nomndeni wakhe basonta nabelungu. Konke okwenziwa uBafana kumveza ngokusobala ukuthi ukubusa kwakhe kumenza azibone engcono kunomndeni waseMpaphala. UBafana unikwa uTerry Lewis izincwadi kodwa uyehluleka ukuzifunda ushiya umsebenzi ngenxa yophuzo olunamandla, uya eMadadeni lapho afika wazibiza ngoJohnny ozishaya injingana ngenxa yokuba nemali, wathola umasihlalisane onguMaMthuzi. UPrisca oyindodakazi kaMaMthunzi nesoka lakhe uNkebelele bantshontsha imoto kaBafana bayayigingqa, uyashiya eMadadeni ngenxa yokusatshiswa uMgwazeni oyindodana kaMaMthunzi. UMgwazeni usabisa uBafana ngokuthi uma engalisuli icala naye impilo yakhe izosulwa emhlabeni. Uya eThekwini uhlala noMaMsibi ufika ushayisa imoto yakwamakhelwane, uMhlolithwasa uyamxosha uthi akaphindele eMpaphala ayosusa isinyama. UBafana eseshawe umhlaba ubuyela eMpaphala kubantu abahluphekayo futhi anqaba ukubasiza ngoba ebusa, uthola ukwamukeleka kwaCele kanye nomndeni wonke uyahlatshiswa. UBafana uqhubeka nezifundo zakhe ugada nepulazi likaHlanganisani.

UPoppy uyabusa unakho konke uze angabazi abanye abantu. Lokhu ukukhombisa emva kokuba uBafana amtshele ukuthi umalume uCele ubezocelela izingane zikaLinono indawo yokuhlala. Lokhu kuphetha ngokuthi baxabane uze athi yena ungowaseLokishini eLaksi, okusho ukuthi yena ungcono kunabantu baseMpaphala, uze axoxele ozakwabo emsebenzini lolu daba, nabo bahlukana phakathi abanye bathi akazithathe abanye bathi akangazithathi.

UPoppy uphatha kabi abantu abagulayo ngenxa yokuthi abasemakhaya, uthi usayoqala ngokudla. UPoppy uchitha ukudla emgqonyeni ngenxa yokubusa kodwa kukhona umndeni olambile eMpaphala. UPoppy utshelwa nguBafana ukuthi u-Euthenesia untshontshe imali kaMaXakushe athenge ngayo izingubo, uPoppy ukhombisa ukuvuna indodana yakhe. Uhlanganisa imali eyathathwa u-Euthenesia ukhokhela uMaXakushe qede uyamxosha, lokho kuveza ukuthi usebenzisa ukubusa kwakhe ukucindezela abantu abahluphekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


UPoppy ufonelwa uHlanganisa ufuna ukumtshela ukuthi u-Euthenesia uphephile, uPoppy ukhombisa ukwedelela akambuzi impilo umshana wakhe ngoba ukubusa kwakhe kwenza angaziboni ecela usizo kuHlanganisani. UPoppy ukhombisa ukungayinameli inyama ebuya no-Euthenesia eMpaphala ngoba yena ukholelwa enyameni ehloliwe. UPoppy emqhudelwaneni ukhombisa ukungazithandi izingane zikaLinono futhi uzibukela phansi ngoba zona zihlupheka yena enakho konke. Uze enze imizamo yokuzibulala kodwa uyahluleka. UPoppy usebenzisa ukubusa kwakhe uthengela izingane zakhe imoto engaxoxisananga noBafana, lokhu kwenza ukuthi uBafana ashiye umuzi wabo oseLalucia, aphindele eMlazi. UPoppy ubuyela eMpaphala ayengayifuni nokuyibona esehamba ngezinduku, uCele uyamemukela ngezandla ezimhlophe.

U-Uzithelile ukhule ehlupheka kodwa lokho akumnqandanga ukuba agcine esebusa. Simthola eqala ediphini ngaphambi kokuba aye esikoleni aphinde aphase ngamalengiso. UUzithelile usebenza ngokuzikhandla ngenhloso yokushintsha isimo senhlupheko ababhekene nayo. Udla umhlanganiso emqhudelwaneni wokugijima eThekwini. Uyadlula uya eGoli nakhona ubashaya amakhanda, udlulela phesheya kwezilwandle uthola umfundaze wokuyofunda phesheya. Emva kokufunda phesheya wenza izinguquko eMpaphala, uthuthukisa abantu besifazane kanye nabantu basemakhaya. Impilo iyashintsha ugcina esedla izambane likapondo.

UHlanganisani ungumlingiswa okhaliphile ngoba simthola ebamba amatoho ezingadini zabelungu ngenhloso yokuxosha ikati eziko ekhaya kwaCele. UHlanganisani uyakuthanda ukufunda izincwadi aqhathanise imibono yababhali lokho kwenza ukuba agcine esephumelela. UHlanganisani uphuma phambili emqhudelwaneni wokugijima eThekwini, udlulela eGoli nakhona udla umhlanganiso. UHlanganisani ufunda oNgoye adlulele eMelika. Emva kokufunda uHlanganisani wenza ushintsho eNyuvesi yasoNgoye. EMpaphala kwaCele nakhona kuba noshintsho kuphilwa kahle ngenxa yezingane zikaLinono uphinda asize umalume wakhe owayengafuni ukubathatha besahlupheka.

UCele uyahlupheka kodwa lokho akumshintshi indlela akhathalela ngayo umndeni, lokhu sikubona ngesikhathi efika emzini womshana wakhe ezocelela izingane zikaLinono indawo yokuhlala kepha akalutholanga usizo, uBafana wamkhakhabisa okwenja. UCele ngesikhathi ebuyela eMpaphala wayephatheke kabi indlela aphathwa ngayo umshana wakhe kodwa uthe efika ekhaya wambeka uBafana emthandazweni wabe esezibonela uMakhumalo ukuthi umyeni wakhe akahambanga kahle eThekwini. UCele ugcina esebusa esenomuzi omuhle, ukhombisa ukungambambeli amagqubu uBafana, okunalokho uyamamukela emzini wakhe, uyamhlabisa ujabulela ukuthi ubuye esaphila.

**ISIPHETHO** (Uvo lohlolwayo)

Ngalezi zibonelo ezingenhla kucace bha ukuthi lithatha osemsamo limphose emnyango, osemnyango limphose emsamo ngoba umndeni waseMlazi eThekwini ububusa ungasizi muntu kodwa ugcina ungasabusi sezijikile izinto lapho abaseMpaphala sebebusa ngemuva kokuhlupheka isikhathi eside.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukuthi liyamthathe osemsamo limbeke emnyango, lithathe osemnyango limbeke emsamo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

9.1 Udweshu ludalwa ukuthi u-Euthenasia akakuthandi ukutshelwa nguMelody isizathu sokuba bangezwani noMaXakushe owayengugogo owayeqashelwe ukuzosebenza kwaNgubane. (2)

9.2 U-Euthenasia wayezozinika umsebenzi wokushumayeza abantu bakubo ukuba bayeke ubuncelebane bokubiza amaNdiya ngonkosana singekho isidingo salokho. (2)

9.3 Lesi siphetho sinokubuyisana/nokuvumelana phakathi kuka-Melody no- Euthenasia ngoba uyavuma ukuthi uyoba yingxenye yomkhankaso wokubiza amaNdiya ngonkosana. U-Melody uphinde uyagcizelela ukuthi nakanjani komele azame ukuqoqa ekamelweni lokulala lakhe u-Euthenasia futhi athathe nesitsha abedla ngaso asiyise ekhishini njengokuyalelwa nguMaXakushe. U-Euthenasia ugcina ngokuvuma ukwenza noma ekhononda lokho ayekutshelwa uMelody. (3)

9.4 Akahloniphi, ubiza ugogo uMaXakushe ngesisebenzi. Oqaphelayo, akakuthandisisi ukubandlululwa ngugogo abize u-Melody ngenkosazane yena ebe engakaze ambize ngonkosana. Owazisa amalungelo, uthi mhla wakhula uyokulelwa ukubizwa kwamaNdiya ngonkosana. (3)

9.5 U-Prisca wantshontsha isikhiye semoto kaBafana wasinika isoka lakhe uNkebelele. UNkebelele waginqa imoto, yalahla umgwaqo ngalobo busuku. UBafana wazama ukuvula icala ukuze umshwalense umkhokhele. UMgwazeni wabuya eGoli wamesabisa ukuthi uzombulala uma engalicishi icala. (2)

9.6 Wawungaba mubi, wayezoqhubeka abe namabhadi/amashwa ngoba uMaMsibi ayehlala naye futhi eyithwasa wayebona ukuthi amashwa ayenzeka kuNgubane/kuBafana ayedalwa ukuthi wayenesithunzi esimnyama okwakumele ayosigeza ekhaya eMpaphala. /Wayengagcina ehamba ehlala emgwaqeni, adle udoti olahliwe, agcine esefana nomuntu ongaphilile ekhanda. Agcine eshonile aze angcwatshwe nguhulumeni.
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

9.7 Bobabili abalingiswa bakhombisa ukuba nobuntu kwabanye abantu. UHlanganisani wenza umsebenzi wokubuyisa umndeni wonke uhlale ndawonye nakuba oNgubane babengabamukelanga ukuba bahlale nabo kanti no-Uzithelile ubuya phesheya angaqali ngokwenza umsebenzi awufundele kodwa uqoqa umphakathi wangakubo ukuba balwisane

Downloaded from Stanmorephysics.com


nendlala ngokuba kulinywe.

(Nezinye izimpendulo ezihambisana nendikimba zamukelekile.) (3)

9.8 Umbhali uhlose ukugqamisa ubuntu nokwazisana okungefani kulezi zindawo. EThekwini yindawo yasedolobheni ehlala abantu kodwa abangazisani, abazani izibongo ngenxa yokuthi bakhe izindonga ezinde ezenza bangabonani. EMpaphala yindawo esemakhaya abantu bayazisana, noma uHlanganisani no-Uzithelile sebefunde kakhulu kodwa abakhohlwanga ukulekelela umphakathi waseMpaphala ngokuwenzisa izinto ezazizoxosha indlala. (3)

9.9 Ngiyavumelana ngoba udweshu empilweni kaBafana lususwa ukuthi waxosha umalume wakhe ngoba ethi akamazisanga ngokuza kwakhe, wenqaba nokuthatha izingane zikadadewabo uLinono ukuba azikhulise njengoba umalume wakhe wayengesenawo amandla ukuzikhulisa. (2)

9.10 Ngiyazwelana ngoba uNgubane wayemthemba njengodokotela owayezomsiza ezinkingeni ayebhekene nazo zomndeni wakhe. Ngangiyolalela konke akushoyo, ngixolise ngokuziphatha ngaleyo ndlela. Ngiqhubeke ngenze konke angitshela khona ukuba ngikwenze okuzosiza umndeni wami ukuba ungabhidliki.

NOMA

Angizwelani ngoba uNgubane wayephila impilo yokuzikhukhumeza ebabukela phansi abanye abantu ngisho esasesikoleni. Ngangiyolalela konke angikhuza ngakho, ngishintshe indlela engiphatha ngayo abanye abantu. Ngingaphinde ngilenze lelo phutha lokubukela phansi abanye abantu njengoba sengibonile ukuthi engikwenzayo kubhidliza mina nomndeni wami. (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**

Kuliqiniso ukuthi imali yimpande yesono ngoba baningi abantu abenza izinto ezingalungile ngenxa yokuthanda imali njengoba kulo mdlalo othi Ubhuku Lwamanqe siyathola ukuthi uNkululeko, uPhindisiwe noMaKhangela benza ubugebengu ngenxa yokuthanda imali.

**UMZIMBA**

(Umfundi angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye ukusekela ukuthi kuyiqiniso ukuthi imali impade yesono)

Kulo mdlalo sithola ukuthi uPhindisiwe washayisa ingane ngemoto yashona icala lathwalwa uNkululeko ngoba emkhokhele izizumbulu zemali. UNkululeko naye ngenxa yothando lwemali wabhadla ejele iminyaka emithathu ngecala angalenzanga. UNkululeko waphuma ejele washayela uPhindisiwe ucingo wafuna enye futhi imali. UPhindisiwe wathi akeze nephrojekthi yena uzomsiza ukuze athole imali yokuziphilisa.

UPhindisiwe wathandana noNkululeko ngoba efuna imali yokuthenga izimpahla nokudla ngenkathi umyeni wakhe uThamsanqa esahambe ngokomsebenzi. UPhindisiwe wazala ingane uZiphozonke noNkululeko kodwa eshade noThamsanqa maqede wafihlela umyeni wakhe. Siphinde sithole uPhindisiwe kulo mdlalo ecabanga ukubulala umyeni wakhe uThamsanqa ngoba efuna ukuthola izimali zakhe, okuyimali yomshwayilense, imali eyayizophuma emsebenzini Kanye nemali eyayisebhange. Uphindisiwe uphinde wantshontsha imali yabakhokhi bentela ebhange iForum eyayaziwa nguye kuphela ngenkathi begqekeza ibhange noNkululeko.

UNkululeko noMaqoma bathumba umndeni wakwaMakhunga ngoba bafuna ukuqinisekisa ukuthi utulo labo lokuyobamba inkunzi ebhange liba yimpumelelo. Baphinde bahlasela uSarah owasebenza noPhindisiwe ebhange iForum ngoba kwaziwa ukuthi uyena ophethe izikhiye zasebhange. Ngenkathi sebasebhange iForum uNkululeko wayehlohloloza uPhindisiwe ngesibhamu ethi akamkhombe enye imali ngoba nguyena oyaziyo ukuthi ihlala kuphi. Konke lokhu wakwenza ngoba ethanda imali yingakho angazange aneliswe yilena owayeseyitholile. Sithola unkululeko ezibandakanya nobugebengu obuhlelilwe ngokwenza isitifiketi somshadombumbulu esithi ushade noPhindisiwe esizwa umngani wakhe uSikela sigodlo owayesebenza eMnyangweni weZasekhaya.

UMaKhangela okungumama kaPhindisiwe kulo mdlalo simthola ezibandakanya nobugebengu ngoba evikela indodakazi yakhe uPhindisiwe. UMaKhangela wanikeza uPhindisiwe imali yokugwazela uNkululeko ukuze eyobhadla ejele ngecala elenziwe uPhindisiwe lokushayisa ingane ishone. UMaKhangela wamukela ilobolo eligcwele yize

Downloaded from Stanmorephysics.com


indodakazi yakhe uPhindisiwe inezingane ezimbili kwesinye isibongo futhi akazange abatshele abakwaMathonsi ukuthi uPhindisiwe unezinye izingane okunguNokwethemba noThembalakhe. Lokhu wakwenza ngoba efuna ukuthola imali.

**ISIPHETHO** (Uvo lohlolwayo)

Impela imali iyimpande yesono ngoba baningi abantu abangena ebugebengwini ngenxa yokufuna imali. Lokhu kufakazelwa izenzo zabalingiswa abangoPhindisiwe, uNkululeko nabangani bakhe okunguSikela, uMaqoma Kanye noKhabalethu abagcine sebebhadla ejele ngecala lokubamba inkunzi ebhange iForum.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukuthi impela kuyiqiniso elimsulwa ukuthi imali imande yesono.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

11.1 Ufihlelwe ukuthi lo muntu oshaya ucingo uNkululeko osefuna ukuthi abuyelane noPhindisiwe, ufuna nengane yakhe uZiphozonke. (2)

11.2 UNkululeko wayesanda kumshayela ucingo ngesikhathi esingafanele sasendlini lokhu kwamcasula uPhindisiwe. Usephendula ngokunengwa njengoba elokhu elubelesele nokumshayela endlini kanti sekukhona nomyeni wakhe. (2)

11.3 Bobabili bavezwe njengabalingiswa abazazisayo izinkonzo zabo. UMathonsi wakhulela enkonzweni yebandla lamaWeseli futhi uyathandaza emzini wakhe kanti uThamsanqa yena njalo ngoLwesithathu uya enkonzweni ngoba kusuke kuwusuku lwabashadikazi angaphuthwa yiyo./ Bobabili bangamakholwa. UMathonsi washadiswa ngumfundisi isikholwa kanti naye uThamsanqa washada isikholwa. (3)

11.4 UThamsanqa ubuza uPhindisiwe ukuthi ukhuluma nobani ocingweni nokuthi kwenzekalani kuyena. UPhindisiwe akaphumi neqiniso ngoba uyazi ukuthi unemfihlo engaqeda umendo wakhe uma angahle ayitshele uThamsanqa. UThamsanqa ugcina etholile ukuthi uZiphozonke akusiyo ingane yakhe, uPhindisiwe wagcina ethuthile waya kubo. (3)

11.5 Umbhali uhlose ukusifundisa ukuthi uma wonile kumele ukuba ucele uxolo ukuze ukhululeke emoyeni. Ziningi izindlela ongazisebenzisa zokucela uxolo njengakho ukubhala inkondlo.

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


11.6 Inkulumo kaPhindisiwe kanye nesenzeko sikaNkululeko sokuyofuna ingane siveza ubuqili bemfihlo ebingaziwa. UPhindisiwe useyathuka njengoba ebona amaqiniso ezovela ngengane obekucatshangwa ukuthi ngekaThamsanqa. (3)

11.7 Indikimba yalo mdlalo eyobugebengu obuhleliwe/uthando lwemali. UNkululeko, uSikela, uMaqoma bangabangani abenza ubugebengu ndawonye kanti uPhindisiwe wayethandana noNkululeko ebe eshade noThamsanqa Bahlanganiswe ubugebengu ngokugqekeza ibhange nokuqola uThamsanqa. (2)

11.8 Wawungaba muhle. Kwakungenzeka uThamsanqa amxolele njengoba uPhindisiwe avuma wonke amacala akhe, wabhala inkondlo ecela uxolo ngakho konke akwenzile kuThamsanqa/ Babengakahlukaniswa ngokusemthethweni babengabuye bahlalisane kahle kungasekho noNkululeko ozobaphazamisa.

NOMA

Wawungaba mubi. Kwakungenzeka uThamsanqa angamxoleli. Njengoba uPhindisiwe wayehlale nemfihlo engaka waphinda wambukanisa nabantu. / UThamsanqa wayengafaka isehlukaniso aqale impilo entsha athatha enye inkosikazi. (3)

11.9. Ufanele ngoba uPhindisiwe akafuni ukuphumela obala namaqiniso ngalezi ngcingo ezingenayo uma ebuzwa avele amthele ngezinyembezi yingakho-ke uThamsanqa elokhu emncenga ukuba akamtshele ukuthi kwenzenjani.

NOMA

Kwakungafanele uThamsanqa njengomyeni wakhe kwakumele amyeke angamxini azinikeze isikhathi sokuzitholela amaqiniso ngokwakhe njengoba agcina ezivelele. (2)

11.10 La mazwi akubakaki aveza umuzwa wokuphelelwa amazwi/wokudideka ngoba UPhindisiwe wayengenaso isiqiniseko sokuthi uThamsanqa wazi kanga kanani ngezimfihlo zakhe njengokubandakanyeka kwakhe ekuboshweni kukaNkululeko nokuthi enye yezingane kwakungekaNkululeko. (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**

**ISAMBA SAMAMAKI: 80**